Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo kuqala ngaphambi kokuba uzame ukuphendula imbuzo.

2. Ungafundi yonke imibuzo yephepha. Qala ubheke uhlalokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emumva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Izinkondlo (30)
   ISIQEPHU B: Umdlalo (25x2 =50)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke. ISIQEPHU A imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B phendula YOMIBILI imibuzo.

5. Ubude obulindelekile bezimpendulo
   - Impendulo yombuzo omude enkondlweni mayibe amagama ayi-120 kuya kwayi-140
   - Impendulo yombuzo mude womdlalo mayibe amagama angama-240 kuya kwangama-290
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukube kumele aphendule kangakanani. Abafundi abaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

6. Qaphela ukuthi izinombolo zezimpendulo zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

7. Isikhathi singasetshenziswa ngokuhlelwa ngale ndlela;
   ISIIQEPHU A – Imizuzu engama-40
   ISIQEPHU B - Imizuzu eyi-110

8. Bhala ngobunono futhi kufundeke.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO | UMBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. | Sesiyacima Isibani – Omude | 10 | |
| 2 | Iqhabanga –Omfushane | 10 | |
| 3. | Ngikhanyisele Dlozi- Omfushane | 10 | |
| 4. | Encome- Omfushane | 10 | |

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselw. Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5. | Abakholwa nkosi- Omfushane | 10 | |

**QAPHELA: Phendula yomibili imibuzo ngencwadi oyifundile, OWODWA omude NOWODWA omfushane**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6 | Bahlukumezekile behlakaniphelana nje | Omude | 25 |
| 7 | Bahlukumezekile behlakaniphelana nje | Omfushane | 25 |
| 8 | Ukufa kukaShaka | Omude | 25 |
| 9 | Ukufa kukaShaka | Omfushane | 25 |

Downloaded from Stanmorephysics.com



## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendulo noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**SESIYACIMA ISIBANI- PATRICK BHEKIZENZO MAPHUMULO**

1. Ngikhal' ezimathonsi Bandla lakwethu,
2. Mhlawumbe kuyisishayo sami ngedwa,
3. Isibani sam' ebesivutha sesiyafiyoza,
4. Ingathith' isimfishan' impilo yam' emhlabeni.

5. Ithemba kimi seliyamfimfa,
6. Ngoba ngeke ngisasithol' esiyafana naso
7. Impela sengathi kumnyama lapho ngiya khona,
8. Um' ukukhanya kwaso sekufiphala.

9. Nganginethemba lokuth' iseyind' engisazoyihamba naso,
10. Nginethemba nangekusas' eliqhakazile nelinempumelelo,
11. Kwafik' izivunguvungu neziphepho zasilanguza;
12. Sengibhekise KuWe ngob' iqhinga selingiphelele.

13. Um' ucisha wena sibani sami,
14. Ulokoza themba lami lokuphila,
15. Ayisekho nam'int' eyongihlalis' emhlabeni
16. Ngoba ngikhona nje kungenxa yamaketang' othando lwakho.

17. Usubunile njengembali wawohloka njengombethe,
18. Ilangab' ebelikuw' ebelivuth' ubulangulangu,
19. Selize lehluleka wukuzabalaza wazenzel' umphukane,
20. Wo Hhe! Sengihlwelwe kusemini kwelaseMombeni.

21. Ngangingaz' ukuthi ngiyoze ngisal'obala,
22. Kuyangimangaza kodw' okwenzeka phambi kwami,
23. Sesiyacima kimi lesi sibani, siyavutha kwabanye,
24. Nokho mangethembel' eNkosini izongisiza.

25. Mhlawumb' isisekelo sothando lwaso,
26. Kwasekuqalen' alufananga nezingxab' ezijulile;
27. Mhlawumb' ukukhanya kwaso,
28. Akudalelwang' ukukhanyisela mina ngedwa.

29. Kungcono khona ngicel' emadlozini,
30. Mhlawumb' ayengangiqokelang' isibani sekhethelo.
31. Kuphelile manj' ukuzigqaja nokuklolodel' izimfamona,
32. Singidumazile phela lesi sibani ngaphenduk' isiphoxo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


33. Nganginethemba lokuthi siyovutha njalo,
34. Singathikanyezwa ngisho nayizishingishane zomoya,
35. Isixako kwaba wukuphetha ngokufiyoz' inhlasi njengesiphefu;
36. Kant' ukukhanya kwaso kugqamile kweziny' ezindawo.

37. Akusenani nokho ngihlanze ngedela,
38. Ukuwa kweny' indlu wukuvuka kwenye.
39. Kanjal' ukucima kwalesi sibani makungangilahlis' ithemba,
40. Mhlawumbe ngisayosithol' esiyongikhanyisela kuze kube sekufeni.

Ukuthanda umuntu ngokweqile kungaba nomphumela ongemuhle uzithole usubalisa ngoba usola ukuthi usubhangqiwe, ugcine ngokuziduduza ngokuthi mhlawumbe beningadalelwene futhi usazomthola owakho umaqondana.

Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende ngokubhekisa ekusetshenzisweni kwemifanekiso, umoya kanye nesigqi ekugqamiseni ukubalisa kanye nokuziduduza kwembongi.

Impendulo yakho mayihlelwe njenge-eseyi hhayi ngokwamaphuzu, ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240 **[10]**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.:

**IQHABANGA- SPHIWE MAPHUMULO**

1. Ngihamba nabadala,
2. Banginika leli qhabanga,
3. Ngiyalithanda nginjalo-nje,
4. Nabaningi bayalithanda,
5. Bafisa nokulithinta ngezabo,
6. Bacabang' ukuth' elokudlala,
7. Kanti ngalinikwa ngezimhlophe.

8. Mina nalo singamathe nolimi,
9. Liyimpilo yami yokuphila,
10. Ngalinikwa emini kwabha,
11. Ngayalwa, ngadonswa ngendlebe,
12. Ukuliphathis' okwezikhali zamaNtungwa.

13. Kwathiwa ngilithande, ngilikhonze,
14. Ngenze konk' okuhl' okulifanele,
15. Leli qhabanga liyimina,
16. Liyisithunzi nokukhanya kimi,
17. Ngiyalithanda leli qhabanga lami.

2.1 Gagula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)

2.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo oqukethwe ibinza lesi-2. (2)

2.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isimo sokukhuluma esisemgqeni we-12. (2)

2.4 Chaza ngomfanekisomqondo otholakala emgqeni we-15. (2)

2.5 Ncoma ikhono lembongi ekusethuleni indikimba yale nkondlo. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3 –UMBUZO OMFUSHANE**

Fudisisa le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo

**NGIKHANYISELE DLOZI- ZAMOKWAKHE MKHIZE**

1. Ngijiyelwe yingqondo kangisazi,
2. Ngizothathani ngiluhlanganise nani,
3. Konke sekuvele kwamapeketwane,
4. Ngiyathatha ngiyabek'akulungi,
5. Yinqaba kayitshelwana le
6. Kwenze njani thongo, khanyisa?

7. Zimnyam' izindlela zimfiliba,
8. Akukhanyi lutho phambili,
9. Baphum' ezintatha bayoshona,
10. Ngakh' umkhanya ngibabuka,
11. Seliyoshona nabaya sebengena,
12. Ngakh' umkhanya ngibabuka,
13. Kwenze njani thongo, khanyisa?

14. Bangamanono, ngilinuku,
15. Banconywa betuswa ngobunono,
16. Ngigxijwa ngifenyiswa ngobunuku,
17. Nginjengesaliwakaz' emzini,
18. Banconywa benjengezintandokazi,
19. Kwenzenjani thongo, khanyisa?

20. Umunw' ukhombe kubo,
21. Emin' ikhombe kimi,
22. Ngiyabagxeka ngizigxeke,
23. Bangamanono ngilinuku,
24. Bayajabula, ngiyakhala,
25. Basekukhanyeni, ngisemnyameni,
26. Kwenzenjani thongo, khanyisa!

3.1 Tomula uphinde ugagule imvumelwano etholakala esigabeni soku-1. (2)

3.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe yibinza lesi-2 kule nkondlo. (2)

3.3 Iyini inhloso yokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo? (2)

3.4 Ngabe ukusetshenziswa kwemvumelwano esemgqeni we-16 nowe-17

Downloaded from Stanmorephysics.com


Kukwelekeleke kanjani ekuqondeni le nkondlo. (2)

3.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isikhawu/isizura emgqeni wema-24. (2)

**[10]**

## UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ENCOME- SPHIWE MAPHUMULO**

1. Kwalal'amaqhawe nezingwazi
2. ZikaZulu kulo mhlabathi,
3. Amaqadas' ayikhoth' imbenge yomile,
4. Sezihlaben' ezakithi
5. Zibuyis' isithunzi namandl' eSilo,
6. Wo Hhe! Goba Msenge!

7. Yiminyaka kwenzeka lokhu,
8. Manje sekwaba luxolo,
9. Keph' ikhohlisan' ihlomile
10. UShenge sewamxhawula uDe Klerk,
11. NoMandela wamxhawula uDe Klerk
12. NoHlanga lwezwe lwelul' isandla,
13. Bahlek' inhlinini abezizwe.

14. Ngibon' uMbeki edl' ingwe,
15. Exhakene neSilo noShenge,
16. Besh' ukwelulel' isandla kumaqadasi,
17. Wabehlukanis' umful' iNcome.

18. Ngibe ngiyathe kuzolunjwana
19. Kwenziw' elikhul' ijadu loxolo,

Downloaded from Stanmorephysics.com


20. Ashaya phans' amaqadasi,
21. Wavungam' uZulu
22. Kwavuka nosinga, kwashwaq' izinwele

23. Ngab' impepho yashiswa na?
24. Kwakhulunywa nabasal' enkundleni?
25. Banxusw' ukubuyel' emakhaya?
26. Kwakhulunyw' umbangazwe.

4.1 Nikeza isimo sokukhuluma esitanzeni soku-1 bese usho nohlobo lwaso. (2)

4.2 Chaza kafushane umoya oqukethwe yibinza lesi-2. Sekela impendulo yakho. (2)

4.3 Ngabe yini inhloso yokusetshenziswa kwesizura emgqeni we-6 kule nkondlo (2)

4.4 Ucabanga ukuthi imbongi iwusebenziseleni umbuzombumbulu ebinzeni lokugcina? (2)

4.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekugqamiseni indikimba yale nkondlo? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (MBUZO OMFUSHANE)**
Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ABAKHOLWA NKOSI : S. J NENE**

Selokhu kwathi nhlo bayathezisana,
Benqakisana ngamazw' aziswana,
Sebephelelwe nayisineke sothando,
Basikazana ngesijula semikhonto,
Baphikisana ngent' esobala nje?
Wo, hhe, ayihlabi ngakumisa.
Omuny'ubuza ngokudinwa:
"Angishongo ukuthi nguye lo?
Owenze lezi mang' ezingaka
Wawuthi ngisenga ezimithiyo?"
Nakho phela nguye nezinqotho.
Ukuba walalel' izwi lami,
Ngabe uyathokoz' enhliziyweni.
Ziyehla zophela ngaphakathi,
Elempofana liwela phansi.
Uyathanda kawuthandi nguye nje,
Iziphiwo zabantu kazifani.
Makukhany' ezingqondweni
Ukuthi asisoze safinyelela
Kula magatsha aphakem' okomkhathi.
Nkosi banike ithemba nesibindi,

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ukuze bakholwe ubukhulu bakho,
Mvelinqangi vel' ezinhliziyweni
Zabo, ze BAGCULISEKE.

(Icashunwe:Imvubelo: S.J.S Nene)

5.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni wesi-2 bese uligagula. (2)

5.2 Chaza kafushane imvumelwano etholakala emgqeni wesi-4 kuya kowesi-5 (2)

5.3 Iyini inhloso yembongi ngokusetshenziswa kwesikhawu/isizura emgqeni wesi-6? (2)

5.4 Chaza umoya otholakala emgqeni wesi-8 kuya kowe-13 (2)

5.5 Phawula ngendikimba etholakala kule nkondlo. Sekela ngokubhekisa emgqeni wama-21 kuya kowama-24. (2)

**[10**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: UMDLALO:** Khetha umdlalo OWODWA kulesi siqephu bese uphendula yonke imibuzo ngawo. Umbuzo omude kanye nomfushane.

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE – L MOLEFE**

Isibindi nobuhlakani kungasifaka ezingozini, nasezinkingeni uma kusetshenziselwe ukwenza okungalungile Phikisa noma uvumelane nalesi sitatimende ngokubuka okwenzeka kulo mdlalo. **[25]**

Stanmorephysics.com

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze- eseyi ibe namagama angama -240 kuya 290.

**KANYE**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE – L MOLEFE**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA A**

VELEVELE : Hhawu, yonakala-ke le nto.
MAKHOSINI :Konakala ini?
VELEVELE : Yonke le nto yethu. Wonke lawa masu esiwahlanganisayo.
MAKHOSINI: Oniwa yini? Ingani nginizwe nincomana nibongana, nithakaselana?
VELEVELE : Hhayi, Makhosini, u-Ezile umelene nezinto engizenzayo. Ufuna siphile Impilo eyehlukile kule.
MAKHOSINI :O, yima-ke, yini acabanga ukuthi kufanele siyenze manje? Uthi Asibuyele eMgungundlovu futhi?
VELEVELE: Cha, nguye osezohlala okokuphela lapha eBloemfontein.
MAKHOSINI: Hhawu, madoda. Kufuneka simcashele, size sivele uma sesiwuqedile lo msebenzi.

Downloaded from Stanmorephysics.com


VELEVELE: Akukho okunye. Asicashe. Ngeke sisebenze esibhekile.

MAKHOSINI: Yini ebanga azohlala lapha?

VELEVELE: Uqashwe yibhange.

MAKHOSINI: Ibhange futhi! Kanti iyaphi le nto?

VELEVELE: Bekungcono nokwebhange, uthi uzosifunela indawo, siyeke ukuba Yiminqolo yasemkhukhwini.

MAKHOSINI: Usibiza ngeminqolo.

VELEVELE: Akalimisanga yena kanjalo, kodwa ukukhuluma kwakhe kusibeka eqophelweni leminqolo.

MAKHOSINI: Ngoba nakhu singasebenzi.

VELEVELE: Vele.

MAKHOSINI: Cha, mina ngithi asingakhathazeki. Sizomdlalisa umacashelana. Uma eza nento engcono sizoyeka ukucasha. Kodwa uma esefuna ukona izinto sizomcashela.

6.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguVelevele. (2)

6.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. (2)

6.3 Chaza kafushane ukuthi okushiwo abadlali abakulesi siqeshana kumveze njengomlingiswa onjani u- Ezile? (2)

6.4 Nikeza okungafani phakathi kokucabanga kuka Velevele kanye nokucabanga kuka Ezile. (3)

6.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda saseDolobheni lapho kwenzeka khona lo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.6 Chaza isizathu esenza oMakhosini noVelevele basebenzise amantombazane adayisa emgwaqeni kulelisu labo lokweba imali. (2)

6.7 Isinqumo sikaZodwa noNingi sokuthatha imali bayifake kubo saba namuphi umphumela, koVelevele noMakhosini nakubo uqobo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amathathu. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com



6.8 Ngabe ukusetshenziswa komlingiswa ongu- Ezile kuyigqamisa kanjani indikimba yothando lweqiniso kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

6.9 Uyavumelana yini nombono othi uVelevele noMakhosini abafundi emaphutheni abo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.10 Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso kulo mdlalo. (3)

**[25]**

Stanmorephysics.com

**NOMA**



Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 8 (OMUDE)

## UKUFA KUKASHAKA– E. ZONDI

Ukuba novalo entanyeni njengeselesele kuyakwenza ukuthi ungakwazi ukuzithathela izinqumo eziphusile ngempilo yakho. Phikisana noma uvumelane nalesi sitatimende ubhekise kumlingiswa onguDingane.

(Bhala i-eseyi ehleleke kahle ibe amagama aphakathi kwayi-240 kuya kwangama-290)

**[25]**

**KANYE**

## UMBUZO 9 (OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

## ISIQESHANA B

| | | |
|---|---|---|
| (Inkosi ibithumele izwi ukuthi uDingane, uMhlangana, noJeqe noMbopha beze kuyo) | | |
| UShaka | : | Izwi likaShaka izwi likaMvelinqangi, yilona elithe anginibize ngizovivinya ubudoda benu, **yilona elithi ngigodle amagwala okufanele lithi lidliwa zizenze bese ehanjwe zintuthwane.** Akukho fu elengame umbuso wami, yinina kuphela, ngaphandle kwenu ukhululekile njengayo yonke imibuso ekhululekile imelwe ukwandiswa nokubethelelwa. Ukuze wande, kufanele sinqobe wonke la makhosana esakhelene nawo. Ngikhuluma nje akusehli nokudla kuwo, mhlawumbe amanye awo acabanga ukuthi siwayeke ngoba siwesaba. Kuhle la makhosi siwabeke endaweni yawo, siwakhombise ukuthi alingana nawe Dingane, nawe Mhlangana, nawe Jeqe, nawe Mbopha, hhayi noShaka. |
| Bonke | : | Ndabezitha! |
| UShaka | : | Futhi uma sesiwanqobile sizothola ithuba lokuwanikeza iklwa elilodwa. Akulungile ukuthi sithi sesikhanyiselwe sibukele abantu bakithi nomnyama, bathakathane, bahlebane, bazondane, bangabekelani lunyawo. Kufanele babe phansi kwami, mina ngibe siziko sokudlelana kwabo. |
| Bonke | : | Ngonyama! |
| UShaka | : | Sizothi singalinqoba lonke izwe iphele imingcele exabanisa abantu, phela iyona ebangwayo, namhlanje uwufica lapha, kusasa uwufice laphaya, kanti futhi la makhosana athi |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| | | ngobuncane bawo ahluleke ukuqaphela imingcele yawo athe ngomgolo wawo ayisika kabanzi. |
| Bonke | : | Ngendalo bonke abantu bagolela kwezabo, lowo nalowo ufuna okukomunye ukuze abe mkhulu kunaye. Leli wozawoza lobukhulu lidinga ukugutshazwa, bonke abantu balingane, bakhonze uShaka. Ngizobagoba. Lo mbuso omkhulu uzokwenza zonke izitha ezingaphandle nezingaphakathi zingakwazi ukusidunga , kungabikho mbuso obangwayo. Nithini? |
| UMhlangana | : | Silo, akungikhanyeli ukuthi ukuthula singakuthola kanjani lapho sesemukwe amandla namalungelo esinawo ngemvelo, ukuganwa uma umuntu ezwa ethanda esenezinkomo. Inhloso yethu sonke njengoba usushilo ukugodla esinakho nokuthola okusha esingenakho, lo mbuso esiwuhalelayo thina Zulu sengathi awuvumelani nathi. |
| UJeqe | : | Ake ngimphendule Nkosi? |
| UShaka | : | Landa Jeqe onjengempisi. |
| UJeqe | : | Zulu eliphezulu, lokhu akusho ukuthi la makhosi nabantu bawo azokwemukwa onke amalungelo asale eze, kodwa iNgonyama izothatha lawo malungelo namandla afanele ukuthathwa, ishiye lawo afanele ukusala ukuze angabibikho ophuma ngokungemthetho phansi kwephiko longathethimanga. |
| UMbopha | : | Uma iSilo sisho njengoba usho nje Jeqe, kudingeka ngani ukuba umuntu aqhutshwe ngemikhonto uma eyiswa entandweni yakhe? |
| UDingane | : | Libuze uliphinde lelo mbopha, ngoba thina sazi ukuthi <u>uthuli lusuka othulini</u>, uma into yenziwa noxolo igcina ngalo,kanti impi yenza izinhliziyo zabantu zihlale zingamahlule. |
| UShaka | : | Umnoyi akuyo indlovu, uShaka akabuboni bonke lobu bunzima enibubalayo- kuzolala izindwani uma izwi lami lizama ukubuya lilambatha. Engikushilo ngikushilo |
| Bonke | : | Bayede! |
| UShaka | : | Inkululeko isikhandanisile, ngeke ize kithi; yithina esiyoya kuyona. |
| Bonke | : | Izihlangu sezinikwe onina Zulu eliphezulu. |

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.1 Shono ukuthi amazwi abhalwe ngokugqamile emgqeni wesibili nowesithathu aqukethe muphi umuzwa. Sekela impendulo yakho. (2)

9.2 Gagula indikimba yalo mdlalo. Sekela impendulo yakho (2)

9.3 Nikeza isizathu sokuthi uShaka athi la makhosana alingana nabafowabo nezinduna zakhe hhayi naye. (2)

9.4 Chaza kafushane isizinda ngokwesimo senhlalo esitholakala kulesi siqeshana. (2)

9.5 Chaza ukuthi yimaphi la mandla namalungelo uMhlangana akhuluma ngawo kulesi siqeshana? (2)

9.6 Uhloseni umbhali ngokusebenzisa umlingiswa onguMbopha kulo mdlalo? (2)

9.7 Amazwi adwetshelwe ashiwo uDingane aba namuphi umphumela empilweni kaShaka? (2)

9.8 Ucabanga ukuthi uJeqe onjengempisi uvezwe njengomlingiswa onjani kulo mdlalo? Chaza. (3)

9.9 Qhathanisa umlingiswa onguJeqe kanye nonguMbopha mayelana nobudlelwane babo noShaka. (3)

9.10 Uyavumelana yini nokuthi uShaka wayeyinkosi enonya ngaphezu kwawo wonke amakhosi akwaZulu ake abusa? (2)

9.11 Phawula ngekhono lombhali ekuphetheni lo mdlalo. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**